

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

45/2013 Intshumayelo ngesonto 15 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 08. 09. 2013

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 230/335
2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga insindiso esiyilungiselwe nguwe ngokusifela esiphambanweni, nangokusivukela ekufeni ukuba thina sisindiswe ngensindiso ephakade. Sesiyacela uMoya wakho oNgcwele ukuba ngaye uvuselele ukukholwa kwethu, ukuqinise kithi. Kuyakuthi mhla sithutha kaneno, sifike ngokukholwa okuyikho lapho ubusa khona, ngisho ezulwini lakho. Awu, mawusizwe ngenxa yokufa kwakho, nangokuvuka kwakho, Jesu Kristu, Nkosi, Msindisi wethu. Amen.
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Petru 5:5c-11;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 6:24-34.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 315/246
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuLuka 17:5-6, lithi: "Abaphostoli base bethi eNkosini: Yandisa ukukholwa kwethu. Yayisithi iNkosi: Uma beninokukholwa okungangenhlamvu yesinaphi, beningasho kulomthombe: Simbuka, utshaleke elwandle, ubuyakunilalela." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, isonto leli lanamuhla liyisonto 15 emva komkhosi wobuThathwemunye. Esikhathini lesi esilandelayo umkhosi wobuThathwemunye sifumana kukhona amazwi ahlukene aqondene nalowo nalowo okhona, ephila ebandleni likaKristu. Kimi ngifumana lamavesi anamuhla ukuthi afana nesibuko umuntu nomuntu angabheka kuso ukubona ukuthi usesendleleni encane eya ezulwini noma qha.

Bandla, uma sifunda isahluko lesi sevangeli likaLuka, sifumana ukuthi kuyakhulunywa ngakho okuthathu, ngisho ngezikhubekiso, nangokuthethelelana, nangokukholwa. Amazwi

entshumayelo yanamuhla athathiwe ohlangothini lwesithathu kuphela olukhuluma ngokukholwa.

Uma sibuzwa ukuthi ukukholwa kuyini, sizothola impendulo eBhayibhelini yokuthi: Ukukholwa kungukwethemba, noma ukuba nethemba eliqinileyo elingangabazi ngalutho maqondana nazo zonke izithembiso zikaNkulunkulu, ngisho zona azithembisayo ezwini lakhe. Kwathi iNkosi isikhulumile nabafundi bakhe ngezikhubekiso, nangokuthethelelana, sibeza becala eNkosini bathi: "Yandisa ukukholwa kwethu!"

Bandla, uma sizwa isicelo esinje, siqonda masinyane ukuthi ngokwempela akekho noyedwa ozocela ngokusho ukuthi: Yandisa ukukholwa kwami, uma engaqondi, uma engaboni ukuthi uyaswela ukukholwa okuyikho. Khona lapha sifumana abafundi beqonda ukuthi baswela ukukholwa. Ngokukholwa okunjalo umuntu angathini? Kuyimfihlo yomuntu. Kuphela bona siyabafumana bengafihli lutho, noma ubuthakathaka bokukholwa kwabo. Kangingi sifumene uJesu esola abafundi bakhe benokukholwa okubuthakathaka, noma bengenakukholwa. EBhayibhelini, uma kukhulunywa ngokukholwa siyezwa ukuthi kuyathintwa kangingi amagama amaqhawe athize okukholwa, njengoNoah, noAbrahama, noHenoge, noDaniele, nabangane bakhe, noSetefanu, nabanye abanjalo. Labobantu babemethemba uNkulunkulu, benganyakazeki ekukholweni kwabo, befana nezinsika impela. Ngokwempela babekwazi ukuthi uNkulunkulu akasiye uNkulunkulu oqukayo maqondana nezithembiso zakhe. Uma sibheka uAbrahama, siyambona ukuthi akangabazanga, mhla eyalelwa ukuba aphume emndenini wakubo nasezweni lakubo, aye ezweni iNkosi uNkulunkulu azomenza isizwe esikhulu kulo, nokumtshela ukuthi ngiyakukubusisa, ngidumise igama lakho ukuba ube isibusiso emindenini yomhlaba wonke.

Bakithi, uma kukhulunywa ngokukholwa, ake sibheke owesifazane waseKhanana, nenduna yaseKapernawume, ababengenampumuzo ngenxa yokuhlupheka kokugula emzini wakubo. Futhi bagijime nezwe lonke, baswela usizo. Empeleni bafika kuJesu. Ungathi bathi: Noma singenalungelo lokukhuluma nomJuda, nokho siya kuye, asamukele, noma asixoshe, siyaya. UJesu wavimba owesifazane waMokhanana ngamazwi abuhlungu ngokwempela. Nokho yena waphendula ngobumnene nangokuzithoba okukhulu, wathi: "Yebo, Nkosi; kepha nezinjana zidla imvuthuluka yabantwana phansi kwetafula," Marku 7:28. Bheka nakuLuka 7:8 ukuthola impendulo yenduna yaseKapernawume. Obabili babo basiziwe ngokukholwa kwabo. Ngaphandle kokukholwa akwenzeki lutho. Siyayibona iNkosi ithuma abafundi bayo, ibatshela ithi: "Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni," Math. 28:18-20. KuLuka 10:17 siyabezwa

bebikela eNkosini uJesu ngentokozo enkulu ngakho okwabathokozisa kakhulu emsebenzini wabo. UJesu wabatshela ukuba bangathokozi ngalokhu kokuthi omoya bebathobela, kepha bathokoze ngokuthi amagama abo alotshiwe ezulwini, Luka 10:20.

Futhi siyababona behlulekile ukusiza, nokukhipha umoya omubi esigulini. Bakithi, babesiletha kuJesu ukuba asisize. Kwathi uJesu esesisizile, abafundi beza kuye egceleni, bathi: "Thina besingemkhiphe ngani na? Wayesethi uJesu kubo: Kungenxa yokukholwa kwenu okuncane," Math. 17:14-20.

Bandla, indima yethu yokugcina ithi: "Yayisithi iNkosi: Uma beninokukholwa okungangenhlamvu yesinaphi, beningasho kulomthombe: Simbuka, utshaleke elwandle, ubuyakunilalela." Bandla, uhlamvu lwesinaphi luncane kakhulu, kodwa kuyakuthi selutshaliwe, luzomila, isinaphi sibe isihlahla esikhulu. Lokhu ngithi, uma bekukhombisa imbewu yaso, uzokholwa. Ngalawomazwi uJesu uyaqathanisa ukukholwa okuyikho nembewu yesinaphi. Ngokuba ukukholwa okuyikho kuyakhula, kuyanda, akuvinjwa lutho. Lokhu siyakubona ngabo abafundi beNkosi, iNkosi isivukile kwabafuleyo, abafundi sebamukele uMoya oNgcwele. Ukukholwa kwabo kwafana nomlilo ovuthayo ngomoya omkhulu, oqhutshwa ngumoya omkhulu. Siyabona nokukholwa komprofethi uEliya. Yena wayengesabi isixuku esazahlukanisa neNkosi uNkulunkulu ngenxa yezintokozo nezinjabulo zalomhlaba. Yena wafakaza phambi kwabo ukuthi yena uyakholwa nguNkulunkulu, owathi umprofethi ekhuluma naye wamlalela, wamphendula.

Abafundi babehluleka ukuphulukisa, nokukhipha amademoni, noma bephiwe amandla okwenza kanjalo. Kwathi bebona uJesu ephulukise loyamuntu, bamangala, babuza uJesu egceleni ukuba kwenziwani ukuba bone bahluleke. UJesu wabaphendula kahle, wathi: Niswela ukukholwa. Uma ningaba nokukholwa, noma ngithi niyakholwa, khona nizokhuluma kulentaba, nithi: Suka lapha, utshaleke ngalé, ngokwempela kuyakwenzeka ngaphandle kokungabaza.

Kholwa, kwamanje kulesisikhathi lelizwi liyakhuluma nami, nawe, nathi sonke, esilalela lentshumayelo, noma esiyibalayo, thina esizibiza ngegama elihle lamakhohla. Nathi siphile amandla nelungelo elihle lokukhuluma noNkulunkulu, sibize igama lakhe elingcwele ngezikhathi zonke, ezinhlophekweni zethu, ekuguleni kwethu, ezifweni zethu, yebo impela nasesikhathini sokuphumula. Masenzeni kanjalo ngokukholwa okunganyakazeki okungangabazi. Kangingi siyakhuleka kuphela esikhathini sosizi. Nakhona asiqinisi ngokwempela, ngokuba uma ukugula kwanda, siyaphuma, siya ukufuna usizo kwenye indawo kwabanye. Kuthiwa labo bakhuleka kunkulunkulu omunye abathi ngaye unamandla adlula owakithi. Khona-ke uzofumana abanengi

abashiya amakerike namabandla abo, bazinikela kulamabandlana, noma nawo anamaliba abebandla labakubo. Nakho-ke Maluthere akithi amahle, masingangabazi ngakho okusekukholweni kwethu kokukholwa nguNkulunkulu uMthathwemunye osibizele ekusindisweni nguKristu iNkosi, uMhlengi wethu. Nathi masigcineni ngokucela uMoya oNgcwele ngaye uJesu Kristu, sithi: "Nkosi, mawukwandise ukukholwa kwethu!" Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Nkosi Jesu Kristu, sibonga intshumayelo yevangeli lakho, ngoba ngayo usiphile ukukholwa okuyikho, wasilondozela kukho ngeqiniso. Nkosi uyazi ukuthi sasingathembeki ekukholweni kwethu, ngokuba kaningi sakushiya, saya ukufuna usizo kwenye indawo. Nkosi, vula ingqondo yethu, usikhanyisele ukuba sazi ukuthi wena uyakwazi esikudingayo, esikuswelayo. Nkosi, mawusize ngakho ukuba sikwenzelwe, silungiselwe nguwe konke esikudingayo. Mawusisize ukuba sikholwe ngokwempela ukuthi wena ususilungisele konke okwensindiso esindisayo kuze kube phakade. Nkosi, mawuwuzwe umkhuleko wethu ngenxa yothando lwakho olukhulu, Jesu Kristu, owasivumele, owasiluleka ukuba sicele konke egameni lakhe, owasithembisa ukuthi siyakwenzelwa ngakho esikucelayo kuwe. Amen

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 225/187

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1995/2001/2007 ngu-T. Ratshefola.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.